HEALTH
KwaZulu-Natal

ISIBANI NEWSLETTER...

# Hlabisa Hospital

## INSIDE THIS ISSUE


| | |
|---|---|
| He looks like a toddler | 02 |
| Kidney Day — Awareness | 03 |
| Farewell Mathabela | 04 |
| Acting FIO's Corner, Notices and updates | 05 |
| New Home Affairs Office in the hospital | 05 |
| Shelving of the building of Hlabisa Hospital | 06 |
| Thanks to MTN for Telemedicine | 07 |
| Uyidlalile indima … Fare well!!! | 08 |
| Donated equipments at Rehab | 09 |
| Soccer Friday | 10 |


## FROM THE NURSING MANAGER'S OFFICE



2010 has finally come, has been anticipated because the soccer world cup is coming to South Africa. 2010 has been dedicated to the nurse, the President says "it is the year of action" as nurses we need to recommit ourselves to service of humanity as carers and Nurturers. We need to support management to deliver to the vision of the Department of Health .

Service delivery revolves around the nurse lets change our attitudes towards care and service delivery and do what we can achieve seamless service delivery for all departments. Shortage of staff is still a sore one we working in the rural areas are still hardest hit by the moratorium on the filling of posts and lack of other resources due to budgetary constraints.
Nurses are predominantly female, as mothers we are experts in the economic utilization of resources like what we do at home during bad time; lets try to economize and educate the young ones that the sky is not always blue.

Lets wait and hope that after the World Cup the situation with our resources will return to normal, wait with hope enjoy the tournament, organize ourselves be available for the fan parks and the disasters that may happen during the tournament in our areas. Revive the spirit of volunteerism; thus showing the world that South Africa belongs to us, we are prepared to serve, as we care because we belong. Batho Pele further more it is important that one knows s status of HIV. Lets visit the nerve centre for testing remember everybody is HIV+ except you if you know your status. Lets protect our girls, children from trafficking they are special and victims of this practice. Educate them and protect them from unscrupulous people.
In closing, join Khanya Africa an initiative for volunteerism and volunteer to take health care to our people.
Soccer unites us all, i.e. paramedics, doctors, nurses and police including correctional services of which it will indicate humanity.

# HE LOOKS LIKE A TODDLER BUT HE IS A NEW BORN (ONLY ONE HOUR OLD)



**Big Baby Boy 4,5 KG born on 08 February 2010 at 10H40. Photo was taken one hour after birth.**

Ms Dudu Gumede a 43 years old women from Nkundusi was blessed with a BIG BABY BOY on the 08th of February 2010 here in Hlabisa Hospital through NVD. The baby boy was 4,5 KG and was born at 10H40.

“He is my 6th child and I couldn't believe I managed to give birth on my own” said Ms Dudu Gumede the mother of a Big Baby.

The child is currently not named. Ms Dudu is extending her thankfulness to all nurses in maternity Labour ward who made her day and Hlabisa hospital for having such wonderful nurses who respects people and understands the patient while on Labour till she gave birth.

# “SIMATASATASA SILUNGISELELA I-CAMPAIGN!!!”



Abasebenzi bomnyango wakwa-Community no Matron babematasa belungiselela umgomo kazwelonke owawuzoqala ngenyanga ka April 2010 kusukela ezinganeni ezinezinyanga eziyi – 09 kuya eminyakeni eyi—15 ozoqala ngomhlaka 12-25 April 2010. “Akukho ukumisa ngokunye sesize sagqoka ngisho amaphiniva” kusho u-Matron Ntombela.

# KIDNEY DAY IS CELEBRATED WITH SUCCESS IN HLABISA




Students on their march promoting drinking 8 glasses of water a day and the protection of kidneys

On the 11th of March 2010, Hlabisa Hospital Nursing College (Group 8, 2010) had an awareness against kidney damage. The awareness was inside the hospital premises where the message was conveyed to all staff members, patients and community as such. They all had their bottles of water encouraging people to drink more water than acid and alcohol. The awareness was in a form of a march started from Nursing School via wards and OPD then back to School.



**Othisha ababegubha lolusuku — Kidney day kanye nabafundi From left is Mrs. G.C. Nkala, Mr M. Sibiya, Mrs. N.D. Mtshali, Mrs. P.H. Khumalo and Mrs. B.T. Hlongwa with their bottles of water**

"Ayikho inqola ehamba ngaphandle kwekhanda", Othisha nabo babengazibekile phansi nabo babeyivuma ingoma besho bephethe awabo amabhodlela amanzi ababewaphuza hhayi nje ukuthi bakhomba indlela baphinde bajike.



# YAMAMATHEKA KWANGATHI IZOTHI "BENGIDLALA" LENTOKAZI




**Silahlekelwe isibhedlela sakwa-Hlabisa ngale ntokazi.  Lona Ngu Ntokozo Mathabela obesebenza njengo Acting Facility Information Officer khona esibhedlela sakwa Hlabisa kodwa osethole amadlelo aluhlaza kwesinye sezibhedlela ezise Eastern Cape Province.**

Abasesenzi basala bethi "Izintab'ezikude zingumasithela" lapho bevalelisa lentokazi eyayizakhele udumo ngokusebenza kokuzinikela kwayo eminyangweni wezempilo neyayihlale inomoya owodwa ngaso sonke isikhathi ebeyaziwa ngo - Mathabela.

Ihhovisi lezokwazi (Information Office) kwakungathi akasekho omunye umuntu oyoke alibambe njengayo lentokazi.  U-Nozipho Qwabe yena obesebenza naye kulelihhovisi yena oyi-Intern FIO wayengakholwa ukuthi ngempela u-Ntokozo uyahamba.   Phela besebefana nezingane zandawonye behlale belandelana.

Amagraphs, I-statistics sesibhedlela konke bekwaziwa yilentokazi okuyaye kuthi noma ubani onenkinga ngecomputer abize yona.

Ngezinsuku zakhe zokugcina akavalesiswanga nje ngabasebenza naye kuphela kodwa isibhedlela sonke sasinesifiso sokuthi Fare Well Mathabela.

Abekade esebenza nabo, abangani esibhedlela sonke bamenzela iphathi engasukumi phansi eyaba i-surprise nokho ngenhloso yokumkhombisa ukuthi bebemthanda futhi basamthanda noma engasekho eduze kwabo.  Okwakuhamba Phambili emiyalezweni ephuma kubangani kwakuyiziyalo zokuthi lokhu abeyikho kwa-Hlabisa aqhubeke nakho nasemazweni lapho eya khona uyibekile induku ebandla.  Besho nokuthi aqhubeke abe "ngumnenke wona ohamba ushiya umaka lapho udlule khona.

Nakuye akubanga mnandi esehamba eshiya Abantu akade esebajwayele kanye nabangani.

*** Ibicula lentokazi ***

**Kwathi sekufanele naye azibongele kubangani, nabo bamcela ukuba abavalelise ngephimbo lakhe ekanye nozakwabo acula nabo.**

# NEW ACTING FIO

Ngemuva kokuhamba kuka-Ntokozo Mathabela obengu Acting FIO, umnyango wabe usucela u-Mrs. Biyela ukuba kube nguyena obamba lelihhovisi okuyimanje umehluko awubonakali ukuthi kukhona obekwenzeka okungasenzeki ngenxa yokuthi ulibambile naye. Konke kuhamba njengasekuqaleni, i-statistics, amagraphs kanye nakho konke okunye kuhamba ngendlela.



**Mrs F. Biyela—Acting FIO**


I would like to thank the management of Hlabisa for giving me this opportunity. I hope the improvement of quality data will go high not down. Since I joined this office I'm gaining lot of experience each and every day. I promise to keep well from what Mathabela has done for Hlabisa Hospital to achieve their goals according to data management. Thank You.

## N O T I C E S

**FACILITY INFORMATION OFFICE IS NOW BEEN MOVED FROM ITS KNOWN OFFICE NEAR B– WARD TO THE OLD ADMIN BLOCK IN THE NURSING MANAGER'S OFFICE (DOWN STAIRS) NEAR THE MATRONS OFFICE.**

NURSING MANAGER'S OFFICE IS NOW MOVED FROM THE OLD ADMIN BLOCK TO THE NEW ADMIN BLOCK

## NEW OFFICE OF HOME AFFAIRS IN HLABISA HOSPITAL



Osesithombeni u-Mrs. Bongiwe Mnguni osebenza kulelihhovisi lakwa Home Affairs esibhedlela kwaHlabisa elaqala ukusebenza ngomhlaka 23 March 2010. Seziqalile ukwenziwa izitifiketi zezingane ezizalelwe lapha esibhedlela nasemitholampilo. Omama mabeze ingapheli inyanga betetile

Umphakathi wesifunda sakwa Hlabisa ukuthokozele kakhulu ukuba khona kwalelihhovisi ngaphakathi esibhedlela kwazise phela omama bezingane sebephuma nezitifiketi zokuzalwa zezingane zabo uma bezoteta. Okudingekayo kumama ukuba aphathe ikhopi kamazisi noma uma ingane izobizwa ngesibongo sikababa, beze bobabili abazali namakhophi omazisi.
Njengoba lelihhovisi liselisha, lisasezinhlelweni zokwenza izitifiketi zokushona okuyiyona nkinga futhi ebhekene nomphakathi wakulendawo.

# BUILDING OF HLABISA HOSPITAL IS BEING SHELVED

**Members of the National Council of Provinces listening to the presentation**



These news came officially to Hlabisa Hospital on the 17th of March 2010 with the National Revitilisation team led by Dr S.M. Zungu the Head of Department. It wasn't the good news at all as Hlabisa Hospital infrastructure is in a terrible condition as it was built long time ago.

Buildings its self are in a terrible condition more especially OPD and Pharmacy which are leaking water from the wall. Plumbing pipes were built inside the walls, when the patient's toilets are blocked, the whole damage comes inside the OPD which forces patients to wait outside until the cleaning is finished.

The National Revitilisation team came on the midday and announced this news. After that meeting, rounds were done around the nurses home and doctors residence which was constructed as Phase 1 of the hospital under Revitalization Presidential Project. Other renovated wards renovated were also visited and Operational Managers explained their activities-wards then to OPD and Pharmacy was also visited. They had a chance of talking to the community/ patients who were waiting in OPD.



**DR. ZUNGU(HOD) TALKING TO PATIENTS IN OPD**



**THE NATIONAL COUNCIL OF PROVINCES, HOD TALKING TO PATIENTS WHO WERE WAITING IN OPD**

The hospital management is hoping that the hospital will be built soon as it is approved senior management.

# TELEMEDICINE DONATED TO HLABISA HOSPITAL



Yiyona le –telemedicine exhaswe ngu MTN esibhedlela

**Izinkulungwane zabantu bakwaHlabisa namaphethelo babehambele lolusuku olwalufana nenqophamlando lapho inkampani yezincingo u-MTN yayizothula ngokusemthethweni uxhaso lwe Telemedicine Equipment esibhedlela saKwaHlabisa. Lomcimbi wawungomhlaka 24 March 2010 ezinkundleni zemidlalo kamasipala.**

Lomshini ukwazi ukuxhumanisa odokotela besezindaweni ezahlukene bexoxa ngesiguli futhi besibona ngawo lomshini ohambisana nesithwebuli sawo (Camera). Ukuba khona kwalomshini kube ngesinye sezixazululo sezinkinga ezibhekene nalesi sibhedlela ngoba iziguli beziyaye zihanjiswe kwezinye izibhedlela kanti manje selizoncipha inani leziguli ezithunyelwa kwezinye izibhedlela ngoba labodokotela sebezokwazi ukubona isiguli ngaphandle kukuthi size sithunyelwe kuleso sibhedlela.



Umphakathi owawuhambele lolusuku



**Abahlengikazi ababelethe usizo emphakathini ngalolusuku okwakwethulwa ngalo i-telemedicine**



Injongo enkulu yosuku kwakunguletha usizo emphakathini “Bringing Service, social and economic development to the community” (Public Private partnership). Iminyango eyehlukene kahulumeni, umasipala wendawo kanye nama NGO’s ayekhona ehambisa usizo emphakathini. Ezinye zezinto ezazenziwa kubalwa kuzo Diabetes, Hypertention, VCT/HIV Testing, Eye testing, TB, Philamama (pepsmear) etc.

Ngesikhathi sebechaza ngalomshini wezimanga—telemedicine, u MTN wachaza injongo yawo ngalomshini kwa Hlabisa okwakungukuqonda izinkinga Abantu basemakhaya ababhekene nazo ngakwezobuchwepheshe kanye nokuthi bayakuqonda ukuthi Abantu abathandi ukuzosebenza ezindaweni ezisemakhaya. Yingakho ubone kuncono ukuthi unikele ngalemishini emine (4) endaweni yakwa Hlabisa ukusisa umphakathi ontulayo. Continue in page 8

**THIS STORY CONTINUES FROM PAGE 7**



**Saze sabusiseka lesisibhedlela ngo MTN**.
Akugcinanga nge-telemedicine kodwa waphinda waqeqesha nama Home Base Carers akwa Hlabisa ukuze basebenze nabo benezitifiketi zokuqeqeshelwa umsebenzi wabo.

Ngalo futhi belu usuku labo ababeqeqeshiwe babemukela izitifiketi zabo abanye bethola nezikhwama ezazinezinsiza kusebenza eziqondene nomsebenzi wabo.

## UYIDLALILE INDIMA KULESISIBHEDLELA!!! NDLELANHLE NOZIPHO !!!

Lawa ngamazwi eyeshiwo ngumphithi ka Nozipho Qwabe obeyi Intern Facility Information Officer esibhedlela sakwa Hlabisa. Efika wasebenza no Ntokozo Mathabela osewathola amadlelo aluhlaza kwelase Eastern Cape wabe esese no Mrs Biyela naye olibambe phansi lelihhovisi lakwa Information.
Ngosuku lwakhe lokugcina esebenza esibhedlela kwa-Hlabisa ngomhlaka 30 March 2010, Labo aye sebenza nabo bamenzela iphathi yokumvalelisa.



**uNozipho Qwabe owayevaleliswa.**

Akubanga mnandi nokho ukuhamba kuka Nozipho ikakhulukazi ngoba inkontileka yakhe iphele kungekho la athole khona itoho. Wabe esephiwa isipho esiyomsiza ukuthi akwazi ukumelana nezindleko zokucinga umsebenzi. "Ayikho into ebuhlungu njengokubona i-post ufise ukuyingenela kodwa ungakwazi ukuposa".



**UNozipho emukeka isipho ku Mnu Madida.**

**Wavele wathandaza ngaso leso sikhathi...**



# DONATED EQUIPMENTS TO REHAB FROM FRIENDS OF MOSVOLD













**U-Mr Phumlani Ntanzi exilonga isiguli sakhe nge Autoscope**

Lesisibhedlela sinenhlanhla yokunikelelwa ngezinsiza kusebenza. "Akuve kunzima ukuza emsebenzini kodwa izinsiza kusebenza zingekho lokho okwenza uzizwe kwangathi abantu bona babona sengathi uwena ongabasizi"

Kumanje lesisibhedlela sesiyakwazi ukusiza nokwenzisa iziguli okunye kwezinto ebezingenziwa nebezidinga ukwenziwa kwezinye izibhedlela ngenxa yemishini ebingekho lena esayinikelelwayo.

Ukungabikho kwezimali nakho kunomthelela omkhulu ekungakwazini ukusebenza usebenzi osezingeni elifanelekile.

*"Every person is responsible for all the good within the scope of his abilities and for no more and none can tell whose sphere is the largest"* **Gail Hammilton**

# SIYILINDE NGABOMVU I-WORLD CUP



**KUSUKELA ESANDLENI SOKUNXELE U—**

**MISS NH MVUBU (P.R.O.), MR S.J. MKHIZE (PATIENT ADMIN) , MR K. MANYANGA(X-RAY), DR E.M. KEKANA (MEDICAL MANAGER & MS Z. SHABALALA FROM KWAMSANE.**




**Mrs. Biyela oyilungu le Hospital Board**



**Ms H.T. Nkosi naye ongusekela s'hlalo we Hospital Board**

Lonyaka unyaka owawukade ulindelwe ngenxa yemidlalo yomhlaba ezoba kuleli. Kumkhankaso ka Soccer Friday lapho Abantu begqoka khona ijezi lebhola labo ukukhuthaza nokuxhasa izwekazi lase South Africa Abasebenzi besibhedlela nabo bahambisana nawo lomkhankaso ukukhombisa ukweseka iqembu lapho begqoka khona ijezi labo uma kungolweSihlanu. Abasebenzi abagqoka imifaniswano bona abakwazi ukuligqoka Emsebenzini kodwa nabo bayaleseka iqembu. Namalungu ebhodi yesibhedlela nawo awazibekile phansi kulomkhankaso ka Soccer Friday wokugqoka ijezi ngolweSihlanu.